

ABANTU ABAKHUBAZEKILE NGOKWENGQONDO
NANGOKOMZIMBA BANGAHOLELA EMPILWENI ENGCONO



Amathuba emisebenzi kwabakhubazeke ngengqondo

Uma kungafundiswa kuqeqeshwe ngokugcwele nangokugculisayo kwabantu abakhubazeke ngengqondo nabakhubazeke ngokomzimba banganako ukuwathola amathuba emisebenzi kumikhakha efana nalena:

Ukupakisha impahla

Ukusebenza umsebenzi wezandla noma owaluhlobo luni nodinga amandla

Owelondolo newashingi

Oweposi

Owokupenda

Owokubhala nokukopisha

Ubani osengcupheni yokuba nengane ekhubazeke ngengqondo noma ngokomzimba

Osekhulile wafinyelela eminyakeni engamashumi amathathu Oseke waphuphumelwa isisu kabili noma ngaphezulu futhi ngendlela engaqondakali Oseke wanomntwana amthola ekhubazeke ngokwengqondo ngaphambili noma wanezinkinga ahlangebezana nazo ngenkathi ebeletha Umlando wasemndenini ngezokukhubazeka komqondo

Okungakusiza ugweme ukuthola abantwana abakhubazeke ngengqondo nasemzimbeni

Ukuma ekusebenziseni izivikela nzalo ezifana nemijovo namaphilisi izinyanga ezintathu zonke ngaphambi kokuba ukhulelwe

Ukugomela izifo ukuvika zingahlaseli kabi umntwana Ukuxhumana nochwepheshe beZempilo bakweluleke ngezindlela ezifanele

nongazisebenzisa uma unezinsolo zokuthi ungase ubesengcupheni yokuphazamiseka emqondweni nasemzimbeni ugcine sewukhubazekile Cela udokotela akuhlale Hlukana notshwala, ukubhema, ukusebenzisaimithi engacacile noma izidakamizwazasemigwaqeni

ngenkathi usakhulelweUngayi kokwenza iX-Ray ngenkathi usakhulelwe

Amathuba nezimfanelo nezinsizangqangi zokukuvikela ekukhulelweni

Uma ukukhulelwa kwakho noma komndeni wakho kusengcupheni enkulu, uvumelekile ukuba uye kohlolwa ngaphambi kokuba ubelethe

Uma loluhlaselo lokukhubazeka komqondo selunzima kakhulu futhi seluqonde nqo ekuhlaseleni umntwana ozozalwa, unako ukuzikhethela ngokusemthethweni njengokukhipha isisu ngaphambi kokuba ubelethe

Eminye imijovo efana nowe German Measles uyithola ngesihle kumtholampilo wakho nosebenzela umphakathi

Ukuhlolwa umgogodla nomsipha emqaleni ngaphambi kokubeletha noma komntwana osanda kuzalwa nokuyinto eyenziwayo ezikhungweni eziningi zeZempilo

Ubani ongaya kuye nxashane udinga izeluleko

Uma unezinsolo zokuthi impilo yakho isengcupheni noma uma udinga izeluleko kulomkhakha okungaba ngaphambi kokuba ukhulelwe noma usukhulelwe, khululeka, xhumana nomtholampilo wesiGodi sangakini oseduzane nawe. Nakanjani bazokwenza konke okufanele uthole ucwaningo nezaluleko ngesitho sakho sangasese esiwumngenela baphinde futhi bakuhlelele ukuba uthole ukuhlolwa okufanelekile uma kusenesidingo.

Uma kanti kakade usunaye umntwana okhubazekile ngokwengqondo kodwa osukudinga kakhulu usizo nezaluleko, xhumana nabomtholampilo oqondene nezifo zengqondo oseduzane nawe ukuze uthole ukusizakala.

**KHUMBULA IMPILO YABO
ISEZANDLENI ZAKHO**

